Idolobha lakithi



ISIZULU

VulaBula

Amagama abawabona njalo

indlu

incwadi

Imisindo (ukubuyekeza)

bh, dl, hl, kh, lw, mb, nd, ng, ns, nt, ny, nz, ph, sh, th

Imisindo

kw (uNo**kw**azi, i**kw**aya)

mv (ngebo**mv**u, elibo**mv**u)

VulaBula **Izincwadi zokufundwa zamaBanga aPhansi ezihlelwe zaba wuchungechunge**

Ishicilelwe ngo-2012 ngabakwa-Molteno Institute for Language and Literacy

Zimayelana nochungechunge lwezincwadi zokufundwa ezixhaswe yi-Zenex Foundation

★★★★★ *Idolobha lakithi*

- Umcubunguli wezindaba: **Jenny Katz**
- Abasunguli bezindaba: **Jenny Katz noMirna Lawrence**
- Ulimi: **Dkt Lawrence Molefe**
- Umdwebi: **Shayle Bester**
- Ukulungiselela nokuhlela: **Resolution**

© 2012 Molteno Institute for Language and Literacy

Creative Commons Attribution-NonCommercial-NoDerivatives (CC BY-NC-ND) 4.0 International Licence

Disclaimer: You are free to download and share this work as long as you attribute the Molteno Institute for Language and Literacy, but you may not change this work in any way or use it commercially.

ISBN 978-1-77580-009-5

Idolobha lakithi

Vula Bula

Sawubona! Igama lami nginguNokwazi. Woza ubone idolobha langakithi.

Lesi yisikole sami. Ngenza ibanga lesibili mina. Uthisha wethu usifundisa ukufunda, ukubhala nokubala. Uhlakaniphile, unomusa nesineke.

Leli yisonto ongena kulo umndeni wami.

Umfundisi uyashumayela bese esikhulekisa. Uyaye ahole ikwaya uma licula. Ubalulekile umfundisi kule ndawo.

Yisiteshi samaphoyisa lesi.

Amaphoyisa ayasivikela, sihlale siphephile. Abamba izigebengu, asize esimeni esiphuthumayo.

Ngiyafisa ukushayela imoto yamaphoyisa enomsindo kanye namalambu abenyezelayo, futhi egijimayo.

Yisiteshi sabacishi-mlilo lesi.

Imoto yabo engiyithandayo ngebomvu!

Inelada elide kanye nethumbu lamanzi elide lokucisha imililo.

Abacishi-mlilo banesibindi. Basindisa abantu emizini eshayo.



Yisibhedlela lesi.

Uyayibona i-ambulense? Iletha abantu abagula kakhulu nabalimele esibhedlela.

Abahlengikazi basiza odokotela ukusihlola nokuselapha.

Angiyithandi imithi! Umjovo ngiyabaleka uma ngibona inaliti yawo!

Yindlu yomtapo wezincwadi lena. Kuthulile kule ndawo, kufundeka kamnandi.

Umsizi wakhona uyasisiza ukuthi sithole amabhuku anezindaba ezimnandi. Ubuye asikhuthaze ukuthi sikhulise ulwazi lwethu. Siyaye siboleke amabhuku siyowafunda emakhaya.

A! Sekufanele nihambe?

Ngiphe ikheli lakho leposi, nami ngikuphe elami. Uyayibona indlu yeposi? Incwadi yakho ngizoyiposa kuleliya bhokisi elibomvu. Umuntu waseposini uzoletha incwadi yakho kithi.

Ngiyokuza nami ngelinye ilanga ngizobona ikhaya lakho!

UMSEBENZI

Ubani osebenza lapha? Qondanisa indawo nomuntu ofanele.

1

isibhedlela

2

isonto

3

isiteshi sabacishi-mlilo

4

isiteshi samaphoyisa

5

isikole

A

iphoyisa lesifazane

B

uthisha

C

umhlengikazi

D

umfundisi

E

umcishi-mlilo

I-***Vula Bula*** yizincwadi zokufunda ezehlukile ohlangothini lokuthi izindaba ezikuzo zilungiswe zabhekiswa olimini ngalunye lomdabu eNingizimu Afrika, kanti zihlelwe ngokukhethekile zadedelana ngokulandelanisa kahle izidingo zonke zokufundwa kolimi.

Ibanga ✶ (10)

Musa!
Lala
Izimo
Vula vala
Baleka
Lalela
Bala
Qoqa
Jika
Ubaba usele nosana

Ibanga ✶✶ (6)

Umnikelo
Nyenyeza
Ekhaya
Elikabani isondo?
Uhambo
Sizani!

Ibanga ✶✶✶ (5)

Uphi uZinzi?
Sidlala ungize
Izinyo
Liphukile ifasitela
Awu, Mnu Nkawu!

Ibanga ✶✶✶✶ (5)

Esitolo sezingubo
Isaqathe esikhulukazi
Umoya nelanga
Bekela ikusasa
Indaba yomlingo

Ibanga ✶✶✶✶✶ (5)

Isobho lamatshe
Unogwaja nofudu
Ibhubesi negundane
Siyabhaka nogogo
Idolobha lakithi

Ibanga ✶✶✶✶✶✶ (1)

INingizimu Afrika ngeyethu

Lezi zincwadi ezihleliwe zokufunda zinikeza abafundi amathuba amahle okufunda ngamaqembu, ukufunda ngokusizwa, ukufunda ngababili kanye nokufunda ngokuzimela imisindo kanye namagama abawabona okokuqala nabawafunda uma evela. Imisho eyakhiwe yaba lula kanye namagama amasha kuhlelwe ngendlela yokwenza ukufunda lezi zincwadi kube lula. Kunezithombe ezihehayo, ezicacile nezinakho konke okudingekayo ukuze okubhaliwe kufundeke ngesasasa.

ISIZULU

ZENEX FOUNDATION
MOLTENO INSTITUTE FOR LANGUAGE AND LITERACY
CC BY NC ND
ISBN: 978-1-77580-009-5